

ABAKWA-SARS BABAMBE I-CRYSTAL METH ENESISINDO ESINGU-198.49 KG ESILINGANISELWA KU-R 2-MILLION

PRETORIA, ngoMsombuluko 13 kuNhlaba 2019 – Entathakusa yayizolo, isisebenzi soMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ubambe umhambi wesifazane obezama ukushushumbisa izidakamizwa i-crystal methamphetamine (meth) ezinesisindo esingu-198.49 kg esilinganiselwa ku-R2-million, ezingenisa eNingizimu Afrika emzileni wokungena ose-Beitbridge.

Isigameko senzeke ngenkathi umhambi wesifazane obephethe amapotimende amabili ezimpahla ecelwa ukuba abeke lokhu akuphethe endaweni yokuhlola izimpahla eMnyangweni wokuThelisa. Kuthe uma sezihloliwe, kwatholakala into ekhanya sangilazi egqunywe ngezikhwama ezincane ezinemibala eminingi eyabe iqukethe izinto ezithe uma zihlolwa zakhombisa ukuthi yizidakamizwa.

Izimpahla zibe sezibanjwa zanikezwa uMnyango wamaPhoyisa eNingizimu Afrika (SAPS) ukuze bazigcine futhi baqhubeke nophenyo, umsolwa yena ube esekhalelwa amasongo kasigonyela. Uphenyo lokuqala lukhombise ukuthi umhambi lo ubendize evela phesheya eya emazweni akhele leli, wabe esezama ukungena eNingizimu Afrika ngebhasi elidlula e-Beitbridge. Amaphoyisa endawo abe eselidlulisela kuma-Hawks udaba ukuze aqhubeke nophenyo. Umsolwa kulindeleke ukuba avele eNkantolo kaMantshi eMusina namuhla.

Lo msebenzi obe yimpumelelo ube umphumela wokhuphulela ngoqo oqhubekayo phakathi kwabakwa-SARS kanye namanye ama-ejensi aphoqelela umthetho, abasaqhubeka nokuzibophezela ekuvikeleni imingcele yethu kanjalo nokuxhumanisa uhwebo olusemthethweni.

